**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE EMCIMBINI WOKUVULWA KOMGWAQO U-P549 EMATIMATOLO MHLAKA 20 JANUARY 2009.**

**Ngiyanibingelela nonke**

- Kule minyaka yezimali edlule isabelo mali sethu besiqondiswe ezintweni ezimbili. Besiqondiswe kwezokuphepha emgwaqeni ngoba uMnyango wezokuThutha unesibopho ngokomthethosisekelo sokuqinisekisa ukuthi abantu bakithi bathola uhlelo lwezokuthutha oluphephile noluthembekile esifundazweni.

- Kusuka ngonyaka odlule siqale uhlelo lapho sihambela imindeni ethinteke ezingozini zomgwaqo. Lapho lubonakala kahle usizi olushiywa abantu abashona ezingozini zomgwaqo. Lezi zingozi zithatha abantu okuyibona abaneqhaza emnothweni.

- Elinye iphuzu isabelo mali sethu esigxile kulona ukwakhiwa kwengqalasizinda yemigwaqo – ukwakhiwa kwemigwaqo yasemakhaya, ukwakhiwa kwamabhuloho ezinyawo nawezimoto, ikakhulukazi ezindaweni zasemakhaya. Konke lokhu sikwenza ngaphansi kuka-Operation KuShunquthuli.

- Lo mkhankaso awusho ukuthi sakha imigwaqo yothuli. Usho ukuthi njengoba izwe lethu ligxile kakhulu ezinhlelweni zokuthutha eziqondene neNdebe yoMhlaba ka-2010, njengoMnyango wezokuThutha sifuna ukuqinisekisa ukuthi siyaqhubeka nokuletha ingqalasizinda yezokuthutha emiphakathini yasemakhaya engathintekile ngqo emisebenzini ka-2010.

- Selokhu sawuqala u-Operation KuShunquthuli, sesiphendule amasoyi amaningi esifundazweni sonke emisebenzi ezophothulwa ngaphambi kokuphela kukaMarch 2009 – ukuphela konyaka wezimali.

- Yingakho phela ngomhlaka 3 August 2008 sasilapha sizophendula isoyi lalo mgwaqo. Ngasho ngalelo langa ukuthi ngizobuya ngaphambi kokuphela kukaMarch ngizowuvula lo mgwaqo.

- Ngiyazi futhi ukuthi ukuphendulwa kwamasoyi nokuvulwa kwemigwaqo namabhuloho esizokwenza kulezi zinyanga ezintathu ezizayo kuzoqondana nemikhankaso yokhetho, kodwa sithi noma lukhona noma lungekho ukhetho okwethu nje ukugcina izethembiso zokwenza impilo engcono kubantu bakithi.

- Njengohulumeni okhethwe ngentando yeningi sinesibopho sokusebenzela abantu bakithi ngaphandle kokubheka ukuthi ngabaliphi iqembu lepolitiki. Yingakho phela sazibekela lo mgomo wokwenza impilo engcono kubantu bonke.

- Nokho-ke, impilo engcono ayikwazi ukuvele iqhamuke ngaphandle kwesisekelo. Kumele isekeleke ngaphansi kwezimo ezithile okuwuxolo, intando yeningi nentuthuko.

- Lo mgwaqo uzosiza umphakathi waseMatimatolo okukhona kuwona izikole zama-primary ezine ezinabafundi abangu-250; ezintathu ezinga-High School; imizi engaphezulu kuka-4 000 nabantu abangaphezulu kuka-20 000.

- Ukwakhiwa kwawo kuzokuba izigaba ngokweminyaka yezimali, njengoba ngalo nyaka ka-2008/2009 sakhe amakhilomitha angu-8 ngesamba sika-R30 million. Ubude bawo usuwonke ungu-50 km kanti kulindeleke ukuthi uphothulwe ngo-2011. Isiyonke imali efakwe kulo msebenzi ingu-R177,5 million.

- UMnyango uneminye imisebenzi oyilethile kule ndawo, isiyonke efinyelela ku-R225,1 million. Kuyangijabulisa futhi ukuthi sesinoZibambele abangu-990 ngaphansi kukamasipala waseMvoti. UMnyango usufake imali engu-R5,4 million kulolu hlelo. Kumele siyikhiphe ipolitiki kulolu hlelo. Osonkontileka kumele baqokwe ngokubheka izinga lobuphofu emiphakathini yabo.

- Mangigcine, ngokuhalalisela umphakathi waseMzinyathi ngentuthuko yemigwaqo namabhuloho asebakhelwe wona nabasazokwakhelwa wona.

**Ngiyabonga.**